**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULWA KWEBHULOHO ESIQANDULWENI MHLAKA 1 JUNE 2007**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Ukuhlangana kwethu kule ndawo namahlanje kusafakazela kona ukuzibophezela kukahulumeni wethu ekusabalaliseni izindlela zokuhamba okuyimigwaqo namabhuloho kuzo zonke izindawo.

- ENingizimu Afrika, ikakhulukazi KwaZulu-Natal, abantu abaningi abahlala ezindaweni zasemakhaya bafinyelela ezikhungweni zomphakathi njengemitholampilo, izikole, izindawo zokuholela impesheni, amahhovisi ezasekhaya nokunye ngokusebenzisa amabhasi, amatekisi noma ngezinyawo uqobo.

- Yingakho-ke eminyakeni engaphezu kwemihlanu edlule uMnyango wami uqalise ngokwakha amabhuloho ezinyawo okuwela imifula nemigwaqo. Mangikusho ukuthi nakuba sizama ukuvala igebe ekushodeni kwala mabhuloho, sisathola izicelo eziningi emiphakathini ehlukene edinga ukwakhelwa izindawo wokuwela.

- Namhlanje sivula ibhuloho elizosindisa izimpilo zezingane zethu eziya esikoleni nezamalungu omphakathi wendawo yasesiQandulweni abahlale bebeka impilo yabo engozini uma bewela emfuleni uMkhomazi.

- Ukwakhiwa kwebhuloho eSiqandulweni kuqalwe ngoNovemba ka-2005 kwaphothulwa ngo-Ephreli ka-2007 ngesamba sika-R3,53 million. Njengoba kungumgomo wethu, usonkontileka obengamele lo msebenzi usebenzise abantu abaqhamuka emphakathini wendawo bodwa ngaphandle kwemfolomane nalabo abangochwepheshe bemisebenzi ethile.

- Ngiyathola futhi ukuthi leli bhuloho lingelokuqala elakhiwe ngalobu chwepheshe ezweni kanti ubude balo obungamamitha angu-150 benza liqophe umlando ezingeni lomhlaba ngokuba yilolu hlobo lwebhuloho lezinyawo.

- Kuyangijabulisa ukuthi uMnyango ulokhu unokuxhumana okuhle nemiphakathi ngezinhlaka zethu zama-Rural Transport Forum (RRTF), ama-Community Road Safety Councils (CRSC), izakhiwo zomasipala nezinye zemiphakathi.

- Lolu hlelo lokuxhumana lusiza kakhulu ekuhlonzeni izidingo zemigwaqo, okusiza nathi ekutholeni leyo edinga ukwenziwa kuqala ukuze kusizakale bonke abantu besifundazwe sethu.
- Ngesabelo-mali sanyakenye sikwaze ukwakha le migwaqo noma amazibuko alandelayo endaweni yaseXobho yonkana:

- Umgwaqo iZweliyabuya ngesamba sika-R667 000;
- Umgwaqo iNcakubane ngesamba sika-R580 000;
- Umgwaqo iSiphephelengweni ngesamba sika-R467 290;
- Umgwaqo AmaNyuswa ngesamba sika-R875 710. Lona uzophothulwa ngale nyanga kaJuly;
- Izibuko iNcakubane ngesamba sika-R422 894.

**SEKUKONKE = R3 012 894**

- Imisebenzi ehlelelwe unyaka wezimali ka-2007/08 imi kanje:

- Umgwaqo iNcakubane ngesamba sika-R580 000. Lesi esinye isigaba;
- Umgwaqo iNhlewukeni ngesamba sika-R805, 530;
- Umgwaqo iMahlubini ngesamba sika-R536, 250;
- Izibuko iNomabhunga ngesamba sika-R402, 500;
- Ukuvuselelwa kwezibuko ku-D483 ngesamba sika-R500, 000;
- Ukuvuselelwa kwezibuko ku-D2156 ngesamba sika-R500, 000;
- Ibhuloho lezinyawo emfuleni uMzimkhulu ngesamba sika-R4, 700, 000;
- Ukulungiswa komgwaqo uP68-1 ngesamba sika-R3, 907, 709.

**SEKUKONKE = 11 931 989**

- Phezu kwalokhu okungenhla, ngalo nyaka wezimali le ndawo izohlomula ngalokhu okulandelayo:

- Ukugcina ezokuphepha zisesimweni ngesamba sika-R1 102 064;

- Ukugcina imigwaqo isesimweni ngesamba sika-R2 775 761;
- Osonkontileka bakaZibambele ngesamba sika-R6 392 912;
- Ukulungiswa kabusha kwebhuqu ngesamba sika-R4 751 091.

**SEKUKONKE = R15 021 828**

- Kusho ukuthi phezu kokwakhiwa kwebhuloho laseSiqandulweni neminye imisebenzi ebalwe ngenhla ngonyaka wezimali odlule, izimpilo zabantu bakule ndawo zisazoshintsha ngokulethwa kweminye imisebenzi yengqalasizinda yomgwaqo ngesamba esicishe sibe ngu-R27 million.

- Yingakho-ke sithi ukuvulwa kwebhuloho namhlanje akugcini ngokuletha indlela yokuxhumana kwemiphakathi ngemicimbi yezamasiko, inhlalo nezomnotho, kodwa kuqinisekisa nokuzibophezela kwethu ngokuletha impilo engcono kubantu bonke, kanye nokuvikela ababuthaka emiphakathini yakithi.

- Mangiphethe ngokuthi sekuyacaca ukuthi ngempela uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlabela phambili nokufeza umgomo wawo wokwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme nolufinyelela yonke indawo KwaZulu-Natal.

**Ngiyabonga**